## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

Fundisisa UMBHALO A bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**Akulula Ukukhulisa Abantwana**

1 UGugu Ngidi ongumeluleki welinye lamaphephabhuku adumile iBona, ululeka ngokukhuliswa kwabantwana. Uyaxwayisa ngokubi okwenziwa ngabazali uma bekhulisa abantwana babo nalabo abanikwe bona. Abazali benzela izingane umsebenzi wazo wesikole, bageza izitsha, bayaba ayinela, nokunye. Uthi kuyenzeka umzali enze iphutha elingaholela ukuthi umntwana abe nezinkinga lapho esekhulile. Uthi ukukhombisa uthando kumntwana kubalulekile kodwa lokho akusho ukuthi kumele umthande ngendlela eyeqile. Lokho kukhombisa ukumtotosa (spoiling).

2 Abazali benzela abantwana konke okufanele. Okubi ukuthi kukhona abantwana abafuna ukwenzelwa izinto ngenkani noma isimo kumzali singavumi. Lokho kwenza abantwana bangabi nayo inhlonipho bagcine **seyiziqhwaga** (bullies). Bakhula benomqondo wokuthi bathola yonke into abayifunayo ngaso sonke isikhathi. Uhlobo (type) lwalaba bantwana lugcina lwazi ukuthi luthola noma yini olungayisebenzelanga. Ngesikhathi bekhula beba badala bayahluleka ukusebenza bagcine bengakwazi ukuziphilisa. Impilo ifuna imali. Abakwazi ukuphuma emakhaya bayoqala eyabo impilo. Abanye baba 'ngobhekifa.' Balindela ukuthi abazali bazobashiyela ifa (inheritance) uma bedlula emhlabeni.

3 Izingane mazifundiswe ukuzimela nokuzenzela izinto ngesikhathi zisakhula. Abazali uma benabantu abasebenza emakhaya akufanele bangabe besabanika abantwana okunye abangalekelela ngakho. Abazali abayeke ukuthi abantu abasizayo emakhaya benzele izingane yonke into.Lokhu kuzosiza ukuthi bakhule befundiseke kahle bangabi nezinkinga. Kuyasiza ukuzimela ngoba ngesikhathi sekumele baye enyuvesi ekude nasekhaya ababi nazo izinkinga zokuzenzela izinto. Ingane ekhule ngokutotoswa ayikwazi ukuziphekela idla ezitolo, iwasha izingubo elondolo futhi igqoke amateki angcolile.

Ikamelo layo lifana nesibaya sezingulube (pigsty) ngoba yonke into isuke ibheke phezulu.

4 Umeluleki uGugu Ngidi uyakugcizelela ukuthi uma umzali eyifundisile ingane ukuthi ibhekane nempilo, iyakwazi ukuqala owayo umndeni. Ngesikhathi ingane isiqala owayo umndeni umzali kufanele ahlehle ukuze ingancike kuyena. Ngaleyo ndlela izokwazi ukuzithathela izinqumo (decisions) ngempilo yomndeni wayo. Lokhu kusiza nokuthi isibalo sabantu abadivosayo sehle.

5 Abazali nabantwana bangaba abangani ukuze bakwazi ukusizana uma kuvela izinkinga. Lobu bungani babo bufanele bube nomkhawulo (limit) ukuze omunye nomunye ayazi indawo yakhe. Umzali kufanele ashaye umthetho emzini wakhe ngisho noma umntwana **angagana unwabu** kodwa uyoze alalele lokho atshelwa kona. Umzali akufanele nakancane ahlulwe yingane yakhe ngoba lokho kungenza ukuthi ikhaya lakhe lingalawuleki/lingaphatheki ngenxa yokuthi ingane yakhe useyenze umngani wakhe kakhulu. UGugu Ngidi uthi ziningi izingane ezingabahloniphi abazali bazo ngenxa yokujwayelana kakhulu. Lokho kwenziwa ukuthi izingane zivele **zibangene ephaketheni**, zibenze ontanga bazo. Umzali makaqaphele ukuthi akalahlekelwa isithunzi sakhe sokuba ngumzali ngoba ikhaya lingadeleleka.

6 Abanye abazali bayasaba ukukhuza izingane uma zenza izinto ezingamukelekile. Ezinye izingane ziyantshontsha bese ziletha lezo zimpahla ezintshontshiwe emakhaya azo ngoba zazi ukuthi abazali ngeke basho lutho, bayazisaba. Lokho kusaba komzali kuyayibulala ingane ngoba ayisoze yabona ukuthi yenza iphutha. Kubulala nekusasa layo. Ingane ingagcina seyenza amacala amakhulu angaholela ukuthi ingene ejele noma ishone isencane. Izingane zabafana zenza noma yini eziyithandayo emakhaya ngoba abazali abazikhuzi. Amantombazane wona agadwa kakhulu.

7 Abazali nabantwana mabahloniphane babambisane ukuze kube nokuthula emakhaya. Amakhaya anenhlonipho aba nenqubekela phambili.

*[Icashunwe ephephabhukwini Bona Jan 2016]*

1.1.1 Yini umsebenzi kaGugu Ngidi? (1)

1.1.2 Bhala izinto EZIMBILI ezenziwa abazali uma betotosa izingane zabo. (2)

1.1.3 Umuntu onjani obizwa 'ngobhekifa'? (2)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe:

Abantwana bakhule **beyiziqhwaga** kusho ukuthi....

A Umuntu othanda ukuthula.

B Umuntu odelelayo

C Umuntu othanda ukulwa.

D Umuntu onenzondo. (1)

1.1.5 Yimiphi imiphumela yokunika ingane yonke into eyifunayo ngokwasendabeni? (2)

1.1.6 Esigabeni SESITHATHU yikuphi lokhu okuthiwa abazali mabakuyeke? (2)

1.1.7 Esigabeni sesi-3 tomula umusho onesifengqo sesihlonipho. (2)

1.1.8 Kubaluleke ngani ukuthi umzali abe nomthetho oqinile ekhaya? (2)

1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe endabeni:

(a) Ukudinwa **ugane unwabu**. (2)

(b) **Ukungena ephaketheni**. (2)

1.1.10 Ngokucabanga kwakho kufanele enze njani umzali uma ingane yakhe intshontsha bese ihambisa ekhaya? (2)

1.1.11 Ngabe kufanele yini ukuthi abazali bakhulise izingane zabafana nezamantombazane ngokuhlukile? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

1.1.12 Kungabe IQINISO noma UMBONO ukuthi izingane ezithola yonke into kubazali bazo, aziphumeleli? Sekela impendulo yakho. (2)

**UMBHALO B (Obukwayo)**

Bukisisa isithombe bese uphendula imibuzo ezolandela




[sicashunywe kuBona Magazine-Februwari 2016]

1.2.1 Bhala izilimi EZIMBILI leli phephabhuku elibhalwa ngazo ngaphandle kolimi lwesiZulu. (2)

1.2.2 Yini ongayiwina uma unaleli phephabhuku? (1)

1.2.3 Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi owesifazane osesithombeni uphila esikhathini samanje. (2)

1.2.4 Leli phephabhuku liyasiza ukwandisa ulwazi kubafundi bebanga le-12. Sekela lesi sitatimende. (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngezinkinga ezidalwa izingozi emgwaqweni bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

### IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Bhala ngamagama akho.
5. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UMBHALO C (Ofundwayo)**

**IZINKINGA EZENZIWA ABASHAYELI EMGWAQWENI.**

Ziningi izinkinga ezikhona ezibhekene nabashayeli emgwaqweni. Loku sikubona ngezingozi eziningi ezenzekayo zonke izinsuku. Ezinye zezingozi kubonakale ukuthi bezingagwemeka ukuba abashayeli bonke benza izinto ngomthetho emgwaqweni.

Abashayeli babhekene nenkinga yabanye abashayeli abangena ezimotweni bashayele izimoto sebephuzile. Umuntu ufike aye emcimbini kukhishwe utshwala. Kunokuthi abonge abeke isizathu sokuthi usazoshayela avele aziphuzele izinkamba zikaFaro. Inkinga iyoqhamuka uma sekufanele angene emotweni abuyele ekhaya.Uyozithola esephambana nezimoto engasaboni nokuthi uhamba emzileni okungewona owakhe, bese kuba nengozi.

Abanye abashayeli bahamba ngesivinini esikhulu kakhulu. Ababe besanaka nokuthi sebedlulile emgomeni obekelwe isivinini salowo mgwaqo bese bedala izingozi. Kanti abanye bahamba ngejubane elincane kakhulu lokho kudale ukuphazamiseka kwezimoto



Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

ezihamba ngejubane elamukelekile.

Ongoti bathi ukushayela ulalele umsakazo onomsindo kakhulu noma umculo kwehlisa ukugxila (concentrate) komqondo emgwaqweni ngamaphesenti angama- 37% okungadala inkinga. Olunye uphenyo luveza ukuthi ukushayela ubhala umyalezo ngeselula kuyinqozi nqokuphindiwe kasithupha uma kuqhathaniswa nokushayela usocingweni. Ukusebenzisa ezokuxhumana usemgwaqweni kwenza amehlo nengqondo yomshayeli isuke emgwaqwen ibe kule nto ayibhalayo noma ayizwayo.

Okunye okumele kubhekwe abashayeli ukuthi bangalayishi abantu noma impahla kuze kweqe esilinganisweni esifunekayo.Uma isisindo sisikhulu singadala ukuqhuma kwamathayi noma impahla iwe emgwaqweni bese kuphazamiseka ezinye izimoto.

Kukhona abashayeli bamatekisi abasashayela bebala ushintshi nemali yabagibeli lokhu kuyingozi enkulu. Kubalulekile ukuthi imoto ibe sesimweni esiphephile, ngakho abashayeli kumele bakucophelele/qikelele ukuthi imoto iyaseviswa.

Abakwa-Arrive Alive bathi asiphephe futhi sigweme izingozi ezingenasidingo. Abashayeli mabaphume umkhankaso wokulwa nazo zonke lezi nkinga ezivimba ukuphepha emgwaqweni. Asiqikelele ukuphephisa izimpilo zethu nezabanye abantu abasebenzisa umgwaqo.

Siyonqoba Simunye.Asiphephe!

*[umbhalo wokuziqambela]*

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQHEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)**

**YODUMO MOTORS**



**ZITHOLELE IMOTO YOHLOBO OLUPHAMBILI i-SANDERO!**

Ufika uphephile, ayikulalisi endleleni, iyonga, ayikudli ephaketheni,

inamawindi azivulekelayo nezihlalo zesikhumba ezintofontofo.

Le moto ayikhethi ukuthi uhola malini.

Uma ufuna eyakho nawe sithinte manje:

**<u>www.yodumo</u> motors.com**

**021 966 5431**

**Zifikele ku:** **Church Street**
**Side Park**
**Cape Town**
**8001**

*[umbhalo wokuziqambela]*

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

Pheqa ikhasi

3.1Kungani i-YODUMO MOTORS ibhalwe ngamagama amakhulu? (1)

3.2 Bhala OKUBILI okungakwenza ufise ukuthenga le moto ekhangiswayo. (2)

3.3 Bhala uhlobo lwesifengqo esiqukethwe yilo musho olandelayo

lyonga ayikudli ephaketheni. (1)

3.4 Batholakala kuliphi idolobha abakwa-YODUMO MOTORS? Bhala ngesiZulu. (2)

3.5 Tomula umusho ochaza ukuthi noma ngabe wenza msebenzi muni ungakwazi ukuthenga le moto. (2)


3.6 Yini umthelela wesithombe kulesi sikhangiso? (2)

**[10]**

**UMBUZO 4**

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**




[www.googlepics.com]

4.1 Bakuphi laba abasesithombeni esingenhla? (1)

4.2 Yini le eyenziwa uJabu ecasula uthisha? (1)

4.3 Bhala igama lesiZulu sangempela esikhundleni selithi: iselula (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ngezansi:

"Ngicikwa uthisha" kusho ukuthi:

A Ushaywa uthisha.

B Uthunywa uthisha.

C Uhlushwa uthisha.

D Ucasulwa uthisha. (1)

4.5 Ungumfundi oziphatha kanjani uJabu? (2)

4.6 Bhala izinto EZIMBILI okumele zenziwe uthisha uma umfundi ekhuluma neselula ekilasini uma kufundwa. (2)

4.7 Ngokucabanga kwakho ngabe uthisha yikuphi akulindele kulo mfundi njengoba emile embuka? (2)

**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

Kwakuwusuku lomcimbi wokwamukelisa imiklomelo (awards) abafundi abaphase ngamalengiso ibanga le-12 esikoleni iBhekuzulu High. Ihholo laligcwele phama. Mina ngangihamba **nomama, ubaba, umfowethu kanye nodadewethu** omncane. Babefuna ukungibona sengemukela umklomelo wami kwazise ngangibahlule bonke engangifunda nabo ngemiphumela yami emihle.

UMphathi wohlelo wanikeza uthishomkhulu ithuba. Uthishomkhulu wabonga othisha nabazali nabafundi kanye nesigungu sesikole (SGB) ngokusebenza kwabo ngokubambisana. Wathi ufisa sengathi yonke iminyaka bangasebenza ngokuzikhandla. Wabe eseqala ebiza amagama abafundi. Abizwa kusukela kowe-10 kuya phansi. Ngase ngijuluke ngimanzi te, uvalo. Labizwa igama lami. Nganikwa ithuba lokukhuluma. Ngabonga abazali bami kanye nothisha ngase ngithi, "Mina konke ngikwenza ngokuzimisela ngihlonipha umsebenzi wesikole."

5.1.1 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ubunye.

Ihholo ligcwele phama. (1)

5.1.2 Bhala isinciphiso segama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

**Amagama** abizwa. (1)

5.1.3 Bhala umqondophika waleli gama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Ngangibahlule bonke engangifunda nabo ngemiphumela yami **emihle**. (1)

5.1.4 Bhala ibizoqoqa esikhundleni sala magama abhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Ngangihamba **nomama, ubaba, umfowethu kanye nodadewethu** omncane. (1)

5.1.5 Tomula isenzukuthi esiqeshini esingenhla bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona. (2)

5.1.6 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Bhala umqondo ovezwa isakhi esibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Nganik**wa** ithuba lokukhuluma.

A Umqondo wokwenzana.

B Umqondo wokwenzeka.

C Umqondo wokwenziwa.

D Umqondo wokwenzisa. (1)

5.1.7 Kulo musho olandelayo shintsha igama elibhalwe ngokugqamile libe undaweni.

Ngihlonipha **umsebenzi**. (2)

5.1.8 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ukuphika/ukulandula.

Labizwa igama lami. (2)

5.1.9 Bhala igama elisebenze ukukhomba isabizwana sokubala kulo musho olandelayo:

Ufisa sengathi yonke iminyaka bangasebenza ngokuzikhandla. (1)

5.1.10 Guqula le nkulumo ngqo ibe yinkulumo mbiko:

"Mina konke ngikwenza ngokuzimisela ngihlonipha umsebenzi wesikole," kusho uSanele. (2)

**5.2** Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)**




5.2.1 La mazwi alandelayo avusa muphi umuzwa?

Kikiki! Halala! Yangena intombi emhlophe! (1)

5.2.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:

Inkulumo A ikhombisa ukuchema .....

A. Ngokobulili.

B. Ngokwesikhundla.

C. Ngokobuzwe.

D. Ngokwenkolo. (1)

5.2.3 Yini esuke ilindeleke kumuntu wesifazane uma eshada ngokwenkulomo B? (2)

5.2.4 Sebenzisa ubhalomagama olufanele kulo musho olandelayo:

Habe mina angizwa ukuthi uthini lomama. (1)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha